SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

### ISIQESHANA A

1.1 UMkhumane. √ (1)

1.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Yingoba:
- UNonkamfela Mbeje wamtshela ukuthi eyakhe imithi uyilanda ePutukezi kwaLomahasha ayixube nayilanda eMampondweni. √√/
- UNonkamfela Mbeje wamnikeza isiqiniseko sokuthi wayezosinqoba isifo esabe simphethe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

1.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ngoba isifo esasiphethe uSandanezwe sasinzima, kwakuzodingeka imithi yangempela ukuze asinde. √√/
- Imithi yakhe wayeyilanda kude, ePutukezi kwaLomahasha. √√ (2)

1.4 UFohlela.√ (1)

1.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- USandanezwe watshela uNonkamfela ukuthi ngeke kube yinto eyinkinga ukumkhokhela imali yakhe, kuphela nje uma ekwazile ukunqoba isifo. √/
- UMbeje wathi kumele aqale ukwelapha uSandanezwe ngakusasa ngoba ukufa bese kwakhele kuye. √/
- UMbeje wethembisa ukuthi bayobonana ngomuso lapho kuyobe sekuqala wona umshikashika wokumelapha uSandanezwe. √/
- USandanezwe wayesechazelwe konke. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

1.6 Ngibakhombise amandla nobuhlakani bami/ izimanga zami/ ulwazi lwami. √√ (2)

1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UZabalaza washela uNokulindela ngokugxibhela uSandanezwe kwase kusuka udweshu lapho babephikisana khona ngaye uSandanezwe. √/
- UZabalaza waphikelela nokulandela uNokulindela enethemba lokuthi angagcina eseqome yena ngoba uSandanezwe enezinkinga zempilo.√/
- UZabalaza waluqhuba udweshu lapho echwensa uSandanezwe ngoba ethembe izinsizwa zangakubo ayehamba nazo okwaholela ekuthini uSandanezwe amshaye.√/
- UZabalaza wagcina esehlawulisiwe emva kokuba ezame ukudlisa uNokulindela esebenzisa uNomgedla.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



1.8 UZondiwe ungumlingiswa onothando futhi omkhathalele uSandanezwe ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Nguye owameluleka ukuthi aye esibhedlela. √/
- Kwathi noma uZondiwe ethole izinsukwana zekhefu, waya kubo kaSandanezwe eyobheka ukuthi isimo sakhe sempilo sesinjani. √/
- Waya ukuyombheka emzini kaNonkamfela lapho ayelashwa khona. √/
- Ngesikhathi kugula uNokulindela, uZondiwe nguye owaphelezela uSandanezwe ukuyobona ingoduso yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

1.9. Isingeniso sihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Siqoqekile, asithemelezi. √/
- Siyashesha ukuthola umlingiswa omkhulu okunguSandanezwe. √/
- Siyayithola nenkinga abhekene nayo yokugula ephethwe isifo esingalapheki. √/
- Isizinda okuyindawo yasemakhaya siyacaca. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

1.10 USebenzile ungumlingiswa omncane ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Simthola evela kancane kule noveli.√√/
- Azikho izigameko ezibalulekile ezithinta uSebenzile kule noveli. √√/
- Indaba ibingaqhubeka ngaphandle kwakhe. √√/
- Uvela ngenxa yesimo esithize sokuthi uNokulindela wayedinga umuntu onguntanga yakhe azoxoxisana naye ngenkinga yokunyamalala kukaSandanezwe. √√ (2)

1.11 Inhloso yombhali ngale noveli ukufundisa ukuthi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukuhamba ulala nabesifazane abaningi kungafaka impilo yakho engozini, njengoba sithola uSandanezwe egula engazi ukuthi uphethwe yini nokuthi ukuthathephi lokhu kugula. Odokotela babesola ukuthi uphethwe yingculazi. √/
- Uma usebudlelwaneni nomuntu kumele wethembeke, ukhulume/nixoxe ngezinto eziniphatha kabi noma izinkinga enihlangabezana nazo, njengoba sithola uSandanezwe engamtshelanga uNokulindela ngenkathi eseya enyangeni. √/
- Ukubaluleka kokubeka imali. Kwathi uSandanezwe esegula wakwazi ukukhokha izindleko ngoba wakwazi ukubeka imali ngenkathi esasebenza ezitimeleni zamanzi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**


SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**ISIQESHANA B**

1.12 USandanezwe wafika ekhaya ekhombisa ukungabi ngcono lokhu okwaholela ekutheni umndeni udideke ngokumele kwenziwe. √√ (2)

1.13 Yingoba wayenganelisekile ngendlela ayebukeka ngayo uSandanezwe. Ngakho-ke kwamcacela uMzulazula ukuthi le nyanga ithathe imali enkulu kodwa umsebenzi wayo wawungabonakali ngoba uSandanezwe wayesabambekile. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

1.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Sasiwasho ngoba uSandanezwe wayesegula kakhulu futhi sekunesikhathi eside ukugula kumbambile.√√/
- Ngoba uyise wayesefuna ukuba aphindele esibhedlela. √√ (2)

1.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- USandanezwe wayezikhokhela yena izindleko zokwelashwa kwakhe.√/
- Ngesikhathi sekugula ingoduso yakhe waphinde walekelela ngemali yokukhokhela inyanga.√/
- USandanezwe wayenemfuyo eningi. √ (2)

1.16 Izimpendulo ziyokwehluka.
Abanye bayothi kwaba isenzo esihle ngoba:
- Wayezothola ithuba lokuzifunda kahle zonke lezi zintombi eziningi ayenazo ukuze akhethe okunguye ofanele ukuba unkosikazi wakhe. √/
- Njengoba wayechitha isikhathi sakhe esiningi eThekwini ngokomsebenzi wayemdinga umuntu wesifazane ayezohlekisana naye ukuze angabi nesizungu. √

**NOMA**

Abanye bayothi kwaba isenzo esibi ngoba:
- Kwabeka impilo yakhe engcupheni wathola nesifo esithathelana ngokocansi. √/
- Wakhombisa ukungathembeki kwezothando futhi wabeka nempilo kaNokulindela engcupheni. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



1.17 Akunabo ubuntu ukuthi izinyanga zisebenzise izitho/izicubu zabantu uma zelapha abagulayo ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ubuntu bukhuthaza ukuhlonishwa kwesidalwa esingumuntu. √/
- Kuphambene nobuntu ukubulawa komuntu ukuze kufezeke izinhloso ezithize. √/
- Umuntu uhlonishwa ephila, aphinde ahlonishwe kakhulu uma esehambile emhlabeni, ngakho-ke isenzo sokusika izicubu zomuntu ongasekho azihambisani nobuntu. √/
- Ubuntu bukhuthaza ukuzwelana nabanye abantu, ngakho-ke ukucwiya izitho zomzimba walowo osuke esedlulile emhlabeni akubukhombisi ubuntu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

1.18 Umbhali usikhethe kahle isihloko sale noveli ngoba:
OKUTHATHU kwalokhu:

- Izigameko zayo zithinta ithemba nokuthi uSandanezwe uzosinda.√/
- USandanezwe wayenethemba lokuthi uNonkamfela wayezomelapha ngempumelelo agoduke esengumqemane. √/
- Abazali bakaSandanezwe babemhambisa ezinyangeni ezahlukene benethemba lokuthi uzosinda. √/
- Nakuba uMzulazula noZondiwe babengaluphikisi usizo lwezinyanga kepha ithemba labo elikhulu lalikodokotela nesibhedlela. Batshela uSandanezwe ukuthi kwakumele anikeze odokotela ithuba lokumelapha.√/
- Umama kaSandanezwe wayenethemba lokuthi indodana yakhe yayizosinda igcine seyakhe umuzi omkhulu ithole nezingane eziningi. √/
- UZabalaza wayenethemba lokuthi uyogcina eqonywe uNokulindela.√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

**[35]**



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

## ISIQESHANA C

2.1 UNtombi. √ (1)

2.2 Wayedinwa omama abathanda ukumkhombisa intombi ethandwa yibona bamtshele ukuthi akayishade. √√ (2)

2.3 Wayefuna ukuyitshela ukuthi uzothumela abakhongi.√√ (2)

2.4 UMarriam.√ (1)

2.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UManyoba wayesethathe isinqumo sokuthatha uNtombi amenze unkosikazi wakhe, ngakho-ke wayehlose ukumtshela ngalolu suku. √/
- Ngesikhathi esalindile wayezibuza eziphendula ngokwakuzoshiwo uNtombi mayelana nalesi sicelo sakhe. √/
- Wayebona kuyisikhathi esihle sokumazisa namuhla ngesinqumo sakhe ngoba ngokwedlule wesaba wagcina engamtshelanga. √/
- Yaqhamuka intokazi kaGatsheni yeza kuye uManyoba, yaxolisa ngokumlindisa isikhathi eside. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

2.6 Ukuba novalo.√√/Ukufikelwa ukwesaba√√ (2)

2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMaNene wayehlukumeza umamezala wakhe ngesikhathi ehlala nabo emzini wabo okwaholela ekutheni bashayisane ngemibono nomyeni wakhe.√/
- Wayengafuni ukuthi uMaNdlovu ajwayelane nomzukulu wakhe, uThembalihle. √/
- Wayengavumi ukuthi uMaNdlovu athandaze uma sekulalwa, okwakwenza uMaNdlovu aphile kanzima. √/
- Wayemthethisa emphathisa okwengane umamezala wakhe, ethi akukhona eMdlovane lapha kukwakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

2.8 Izinsizwa zangakubo kaManyoba zivezwe njengabantu abanothando futhi abamkhathalelayo umkhaya wabo ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Emuva kokweqa epulazini uManyoba wahamba nezinsizwa zangakubo wayofuna amatoho eGoli. √/
- Zamnikeza indawo yokuhlala ehostela. √/
- Zamfundisa impilo yaseGoli. √/
- Umsebenzi wawutholelwa ngenye yezinsizwa zangakubo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



2.9 Isingeniso sihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Siyashesha ukuthola umlingiswa omkhulu okunguManyoba. √/
- Siyayithola nenkinga abhekene nayo yokusebenza epulazini izinyanga eziyisithupha engaholi. √/
- Isizinda okuyindawo yasemakhaya siyacaca. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

2.10 Induna uNgobese ingumlingiswa omncane ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Simthola evela kancane kule noveli.√√/
- Azikho izigameko ezibalulekile ezithinta uNgobese kule noveli. √√/
- Indaba ibingaqhubeka ngaphandle kwakhe. √√/
- Uvela ngenxa yesimo esithize sokuthi uManyoba wayebizwe nguNdabazabantu ezotshelwa izindaba ezimnandi zokukhushulelwa esikhundleni sokusebenzisa umshini. √√ (2)

2.11 Inhloso yombhali ngale noveli ukufundisa ukuthi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Uma uhlupheka ungalilahli ithemba, zama ukuzithuthukisa njengoba enza uManyoba.√/
- Abantu kufanele babeke imali yomhlalaphansi ngesikhathi besasebenza bangafani noManyoba owagcina eseba yinkinga ezinganeni zakhe.√/
- Izingane akumele zihlukumeze abazali bazo njengamadodana kaManyoba.√/
- Ikusasa alaziwa, kuyenzeka ukuthi umuntu obebukelwa phansi agcine esethuthukile futhi esenemali ukudlula bona laba abebekade bembukela phansi njengoba uManyoba wagcina esenemali, esevela ngisho emaphephandabeni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

2.12 Bagibela imoto yezigebengu bengazi, endleleni zabajikela izigebengu zakhipha imimese emikhulu zabaphuca imali nezimpahla zabo.√√ (2)

2.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Amadodana kaManyoba abona umthwalo uzoba lula uma becazelana abazali babo oyedwa athathe omunye nomunye athathe omunye.√√/
- Amadodana kaManyoba ayehlala kude kakhulu abona ukuthi kuzoba izindleko ukubalethela ukudla nyanga zonke. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

2.14 Ukuthi kwase kuhlwile.√√/ Itekisi yayingagcwali.√√/Kwakuzoba ukumosha imali ukusuka eGoli aye eMsinga itekisi ingagcwele.√√ (2)

2.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayekwazi ukuthi asike izidwaba aye kozidayisa.√/
- Wayenakekela imfuyo. √/
- Wayelima odedangendlale bamasimu. √ (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



2.16 Kwakuyisenzo esibi ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wonke umuntu unelungelo lokufunda ngale kobulili bakhe. √/
- Isimo lapho owesifazane ethembele khona kowesilisa yisona esidala ukuhlukumezeka kwabesifazane. √/
- Kwakungadala inzondo bese uMarriam azibone ebandlululeka ezinganeni zakwabo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

2.17 Akunabo ubuntu ukuthi omakoti baphathe kabi omamezala njengoba kwakwenza uMaNene kuMaNdlovu ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ubuntu bukhuthaza ukuhlonishwa kwabantu abadala, kungakhathaleki ukuthi ungubani, akuphathwa-ke okukamamezala. √/
- Kuphambene nobuntu ukuncisha umuntu omdala ukudla njengoba uMaNene ayenza kuMaNdlovu. √/
- Umuntu kufanele anikwe inhlonipho kungabhekwa izinga lakhe lempilo. Yize uMaNdlovu ayengenalutho kodwa kwakufanele anikezwe inhlonipho ukukhombisa ubuntu. √/
- Ubuntu bukhuthaza ukunakekelana nokwesekana ngezikhathi ezinzima. Ngakho-ke uMaNene kwakufanele ameseke uMaNdlovu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

2.18 Umbhali usikhethe kahle isihloko sale noveli ngoba:
OKUTHATHU kwalokhu:

- UManyoba wayebhekene nobunzima empilweni yakhe cishe yonke. √/
- Kwadingeka ukuthi eqe epulazini aye eGoli ukuyozama impilo engcono lapho abhekana khona nezigameko eziningi ezinzima. √/
- UManyoba waphila kanzima ehlukunyezwa amadodana akhe ngesikhathi engasakwazi ukuziphilisa nomkakhe. √/
- Ngesikhathi uManyoba esebenza emayini wabona amadoda ebulala enye indoda, kwabe sekudinga ukuthi ayeke emsebenzini, aqale phansi ayofesa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

**ISIQESHANA E**

3.1 UPamella.√ (1)

3.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- USifiso wayemfundekela njalo ngobungozi bokuthandana noTholakele. √√/
- Othisha ababefundisa naye babekloloda, bebhinqa igama lomfelokazi lingaphumi emilonyeni yabo.√√/
- Othisha abaningi baqala bambalekela. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.3 Wayesazilile ngoba wayeshonelwe umkhwenyana.√√/ Wayengumfelokazi. √√ (2)

3.4 UBhatomu.√ (1)

3.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UBhekani washeshe wasuka eduze kukaSifiso wayozihlalela yedwa.
- USifiso watshela uBhekani ukuthi ngeke yena axoxe ngezindaba zikaTholakele kuyena. √/
- UBhekani uyazibuza uyaziphendula ukuthi uTholakele ungumuntu onjani. √/
- Othisha abaningi baqala ukumbalekela uBhekani, bekhuluma kabi, bebiza igama lomfelokazi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.6 Ubhekene nobunzima.√√/ nenkinga. √√/ nezigebengu.√√ (2)

3.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UZenze wayezwana kakhulu noTholakele. Lokhu kwakwenza uBhekani acabange ajule, azibuze aziphendule mayelana nalobu budlelwane obabuphakathi kwabo, okungudweshu lwangaphakathi.√/
- Waqola uBhekani imali yelobolo nezinkulungwane ezintathu zamarandi besebenzisana noPamella noTholakele, bangayikhokha. Nakho lokhu kwakukhulisa udweshu lwangaphakathi nolwangaphandle kuTholakele noBhekani.√/
- Wayesebenzisana noTholakele ukusabalalisa izidakamizwa. Abantu ababezothenga babefikela endlini kaTholakele ngisho ekhona uBhekani. Lokhu kwakudala ukungqubuzana phakathi kukaBhekani noTholakele, okungudweshu lwangaphandle.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)


SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



3.8 USifiso wayemkhathalele uBhekani ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayemxwayisa ngobungozi bokuthandana nomfelokazi esazilile. √/
- Waphinde wamxwayisa ngobungozi bukaBhatomu owayefuna ukungena uTholakele ngenkani. √/
- Wamtshela ukuthi aboke aye kolunguza ngewindi endlini kaTholakele uma kukhona uPamella. √/
- Wayengafuni ukuthi uBhekani angene ehlazweni noma alimale. √/
- Wayemeluleka ngobungozi bokungathandeki kukaTholi kunina. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.9 Isingeniso sihle ngoba:

- Siqoqekile, asithemelezi. √/
- Siyashesha ukuthola umlingiswa omkhulu okunguBhekani. √/
- Siyayithola nenkinga abhekene nayo yokuhlushwa yiphupho likayise lokuthi kufanele aganwe. √/
- Isizinda okuyindawo yasedolobheni siyacaca. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.10 Unesi wasesibhedlela okwakulaliswe kuso uTholakele ungumlingiswa omncane ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Simthola evela kancane kule noveli.√√/
- Azikho izigameko ezibalulekile ezithinta unesi kule noveli. √√/
- Indaba ibingaqhubeka ngaphandle kwakhe. √√/
- Uvela ngenxa yesimo nje sokuthi uTholakele wayelaliswe esibhedlela. √√ (2)

3.11 Inhloso yombhali ngale noveli ukufundisa ukuthi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kumele silalele izeluleko zabangani nezihlobo zethu ngaphambi kokuba sithathe izinqumo ezibalulekile njengoba sithola uBhekani elulekwa umama wakhe, umalume wakhe nomngani wakhe uSifiso kepha wangabalalela. √/
- Kuhle ukuthatha isikhathi sakho ngaphambi kokuba uthathe isinqumo sokushada umuntu njengoba uBhekani simthola ethatha isinqumo sokushada uTholi besanda kwazana nje kanti uzifaka ezinkingeni. √/
- Kubalulekile ukwethembeka kwezothando, singathandani nabantu abaningi ngesikhathi esisodwa njengoba sithola uBhekani esenobudlelwane noTholakele kodwa wakhulelisa uLindiwe. √/
- Kubalulekile ukusebenzisa ijazi lomkhwenyana uma siya ocansini ukugwema ukuthola izingane ezingahlelelwe njengoba uBhekani esekhulelise uLindiwe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**ISIQESHANA F**

3.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayengazi ukuthi uzomchazela kanjani umalume wakhe ngothando analo ngoTholakele. √√/
- Umalume wayebuza imibuzo uBhekani ayengakwazi ukuyiphendula. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.13 Yingoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UTholakele wayengumfelokazi osazilile. √√/
- UBhekani wayengayazi imvelaphi kaTholi. √√/
- UBhekani wayengazi ukuthi uTholi usebenza kuphi. √√/
- UTholakele wayemdala kunoBhekani. √√/
- UTholakele wayedayisa izidakamizwa futhi ezisebenzisa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Yingoba kunemibuzo eminingi uSifiso ayibuza uBhekani ngoTholakele kodwa uBhekani engenazo izimpendulo. √√/
- Ngoba ethe ABAMTSHELANGA ukuthi uZenze ubeboshelweni. √√ (2)

3.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Endabeni kuyavela ukuthi abantu baseNyawushane babenomkhuba wokuthengelana izigebengu njengoba kwakusho uBhekani ngesikhathi ezindla ngenkinga yakhe noBhatomu. √/
- UBhekani wayengathandi ukuhamba ebusuku kule ndawo yaseNyawushane ngoba esabela ukuthi uzohlangana nezigebengu zimenzakalise. √/
- UZenze, uTholakele noPamella babeziphilisa ngobugebengu kuyo indawo yaseNyawushane. √/
- UJazibomvu naye uthengisa izibhamu ezingekho emthethweni. √/
- Kule ndawo kwakunemoto ebomvu yezigebengu ezazithatha amantombazane ziyowabulala. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.16 Izimpendulo ziyokwehluka.
Abanye bayothi; kwaba isenzo esihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umalume kaBhekani wayengahambisani nokuthi umshana wakhe alobole uTholakele ongumfelokazi osazilile. √/
- Wayengafuni ukuzifaka ehlazweni lokulobola ngendlela engahambisani namasiko kanye nenqubo ejwayelekile. √/
- Wayezama ukuvikela umshana wakhe kuleli hlazo ayefuna ukuzifaka kulo.√

**NOMA**

Abanye bayothi; kwaba isenzo esibi ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ubaba kaBhekani wabe esashona, ngakho-ke kwakufanele lolu daba aluxoxe nomunye umuntu omdala emndenini. √/

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



- Omalume bavamise ukuba nolwazi mayelana nenqubo elandelwayo uma kulotsholwa noma kushadwa, ngakho-ke umalume kaBhekani wayezoba wusizo kakhulu.√/
- Umndeni kumele ubambane ngezandla zombili ngisho izimo zingasavumi ukuthi wenze njalo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi). (2)

3.17 Akunabo ubuntu ukuthi umfelokazi osazilile aqome futhi ahambe nabesilisa abehlukahlukene ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ubuntu bukhuthaza ukuhlonishwa komuntu ephila noma esedlulile emhlabeni. Ngakho-ke isenzo sikaTholakele sokuhamba nabantu besilisa okungoZenze noBhekani esazilile kwakungakhombisi ubuntu. √/
- Kukhombisa ukungazwelani nabakubo kamkhwenyana abasuke beshiywe ingane yabo, ngakho-ke kuphambene nobuntu. √/
- Ubuntu bukhuthaza ukuthi umuntu kufanele azihloniphe yena qobo nomzimba wakhe kepha uTholakele akakukhombisanga lokho ngoba waqoma ebe esazilile. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.18 Umbhali usikhethe kahle isihloko sale noveli ngoba:
OKUTHATHU kwalokhu:

- Isisusa sodweshu kule ndaba simayelana nomshado. UBhekani waphupha ubaba wakhe osewashona emtshela ukuthi akashade ngokushesha. √/
- Le ndaba ikhuluma ngemizamo kaBhekani yokufeza isifiso sikayise osewashona sokuba ashadelwe. √/
- Udweshu oluningi luthinta uBhekani noBhatomu bobabili abanesifiso sokushada noTholakele. √/
- Imizamo kaBhekani yokushada uTholakele ayiphumelelanga ngenxa yokuboshwa kukaTholi ngosuku lomshado. √

**NOMA**

Umbhali akasikhethanga kahle isihloko sale noveli ngoba:
OKUTHATHU kwalokhu:
Awukho umshado owenzeka ekugcineni.

- Ilobolo likamakoti nalo laphelela koZenze, alangafika emndenini kaTholakele njengokwesiko lokulungiselela umshado. √/
- Abakhongi nabo babengakhethwanga ngendlela efanele ebandakanya amalungu omndeni njengokwesiko lesintu. √/
- Ukulotsholwa kukaTholakele kwakungasitholanga isibusiso sabazali bakaBhekani ngenxa yokuthi babengazi lutho ngemvelaphi yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**NOMA**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

### ISIQESHANA G

4.1 NguDlamini.√/Yinduna yenkosi.√ (1)

4.2 UDlamini wayezoyiqwashisa inkosi ukuthi ingavumi noma yini efika nentando yeningi engabuhloniphi ubukhosi. √ (1)

4.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- AbaMhlophe bayehlula i-Afrika. √/
- Bayigxingxa ngokwabo. √/
- I-Afrika izama ukuhlanganisa okungahlangani. √ (2)

4.4 Inkosi ithi ayiboni bengakuvuma lokho osopolitiki ngoba bathi intando yeningi ilungelana nabaholi abavotelwe. √√ (2)

4.5 A √/ Ukwehluka. √ (1)

4.6
- 4.6.1 C√/ungumfundisi. √
- 4.6.2 D√/induna yenkosi. √
- 4.6.3 A√/uyikhansela. √
- 4.6.4 E√/unogada wenkosi. √
- 4.6.5 B√/wafunda oHlange.√ (5)

4.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UDuma wayefisa ukulawula intuthuko endaweni. √√/
- Ukuhlela abize imihlangano ayezokwazisa ngayo abantu ngezinhlelo zentuthuko. √√/
- Ukufaka ompompi bamanzi egcekeni. √√/
- Ukufakelwa ugesi ezindlini. √√/
- Ukufakelwa itiyela emigwaqweni. √√ (2)

4.8 OKUKODWA kwalokhu:
- Ukucacisa iminyakazo yabalingiswa.√/ Isibonelo: Anikine ikhanda abuye ahebeze nangezandla.√
- Ukuchaza isimo nendlela athula ngayo inkulumo umlingiswa.√ Isibonelo: Ahleke.√/ Asineke ubala.√ (2)

4.9 Yebo yaxazululeka ngokuthi :
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UDuma walibona iphutha lakhe waxolisa enkosini, inkosi uShandu yalwamukela uxolo lukaDuma yabe isibhala incwadi isesibhedlela ibonga amakhosikazi abamba iqhaza ekucisheni umlilo.√√/
- Inkosi yathi ikhansela aliqhubeke nokwenza umsebenzi walo uzoleseka, nokuthi uzolinikeza indawo elizosebenzela kuyo.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



4.10 UHulumeni waseKhaya kwakumele:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Aqale abize umhlangano lapho ayezokwazisa khona amakhosi nezinduna ngendlela yokusebenza esikhathini sentando yeningi. √/
- Ahlele imihlangano yomphakathi lapho ayezokwethula khona indlela entsha yokubusa ngokubambisana nokuwunxenxa umphakathi ukuthi uzamukele lezi zindlela zokubusa ukuze kube nentuthuko endaweni.√/
- Aqeqeshe amakhansela mayelana nokubaluleka kokuhlonishwa kobuholi bendabuko endaweni. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.11 UMaShezi umchaza njengomuntu oxegelwa yikhanda.√√ (2)

4.12 Kwandisa amathuna nezililo ezingenasidingo.√ (1)

4.13 UDuma√ ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Sethulelwa yena umdlalo uqala uze uyofika ekugcineni. √/
- Uyena ovezwa enenkinga yokuthi kumele alethe intuthuko emphakathini yize kukhona abantu abanjengoDlamini abangahambisani nokukhethwa kwakhe ukuthi abe ikhansela. √/
- Udweshu oluningi luthinta yena kulo mdlalo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

4.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umuntu wesifazane uyayilawula indoda. Bobabili oMaShezi noMaNgema babehamba phambili ekuhlohleni abayeni babo ukuthi bangalalelani. Nabo bangalalela. √√/
- OMaShezi noMaNgema yibona abahlahla indlela yoxolo endaweni kulo mdlalo, kwathi uma uMaShezi ebona ukuthi umyeni wakhe akamlaleli, waphindela kubo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Inkulumompendulwano yethula umdlalo ngendlela eqoqekile. √/
- Iveza ubunjalo bomlingiswa lapho ekhuluma nabanye abalingiswa.√/
- Inkulumompendulwano yethula konke okwenzeka emdlalweni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



4.16 Izimpendulo ziyokwehluka:
Yebo yazifaka yona ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Yayigqugquzela inkosi uShandu ukuthi ingavumi ukusebenzisana nekhansela, lokhu kwenza ukuthi kube nokungqubuzana phakathi kwezinhlaka zokubusa endaweni. √/
- Yathuka uDuma ngesikhathi ememezela umhlangano owawuzoba khona. √/
- Yashaya uMbandlwa ngenduku ngosuku lomhlangano okwaholela ekutheni iboshwe. √/
- Yasusa izaziso ezazinanyekwe yikhansela noMbandlwa.√

**NOMA**

Cha ayizifakanga yona ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Yachukuluzwa ngokungahlonishwa kwenkosi yayo. √/
- Yashaya uMbandlwa ngoba ivikela isithunzi senkosi. √/
- Yayihamba isusa izaziso ngoba ilandela inqubo yasemakhaya yokuthi kumele kuthathiselwe enkosini uma kumele kube nemihlangano. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ukulalela uma kukhona okukhulunywayo engingakwazi, hhayi ukuqinisa ikhanda njalo. √/
- Ukunikeza inkosi izeluleko ezakhayo hhayi ukugqugquzela impi. √/
- Ukuxazulula izinkinga ngokuxoxisana ngingalusebenzisi udlame. √/
- Ukuhlonipha bonke ubuholi obukhona endaweni. √/
- Ukuvimba ngazo zonke izindlela ukuchitheka kwegazi nokuphuma kwemiphefumulo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**NOMA**


SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

### ISIQESHANA I

5.1 NguMaNsibande. √ (1)

5.2 OKUKODWA kokulandelayo:
- Wayedlula ebona uSonto ngoba indlela eya edolobheni yedlula ngakwakhe. √/
- Wayedluliswa yinkumbulo yomkakhe. √ (1)

5.3
- Ukuzwa ngokululama kukaMfundisi. √
- Ukufika kukaMthofi emzini wakhe. √ (2)

5.4 Wayesaba ukuthi njengoba umfundisi wayesephapheme wayezosho ukuthi nguye owamdubula. √√ (2)

5.5 C√/ Ukudlula ambone kancane. √ (1)

5.6 5.6.1 C√/Wabulawa uSonto. √

5.6.2 A√/Usekomidini lesonto. √

5.6.3 B√/Usebenza ebhange. √

5.6.4 E√/Uneminyaka eyi-15 ejele. √

5.6.5 D√/Ugade isiguli esibhedlela. √ (5)

5.7 USonto wayehlose ukusebenzisa uMthofi ekufezeni izinhloso zakhe zokukhohlakala njengokubulala uMaNtuli noMbhele. √√ (2)

5.8 OKUKODWA kwalokhu:
- Ukuchaza indawo/inkundla/isigcawu kubafundi.√ Isibonelo: USonto uhleli kwakhe, ucabanga ngosizi emva kokuzwa ngokululama kukaMfundisi. Imicabango yakhe isiphazanyiswa ukungena kukaMbhele endlini. √/
- Ukucacisa iminyakazo yabalingiswa.√ Isibonelo: Ebuka iwashi.√/ Emoyizela.√/ Esondeza izindebe. √/
- Ukuchaza isimo nendlela ethula ngayo inkulumo umlingiswa.√ Isibonelo: Ememeza.√/ Ngokuthuka.√/ Ngokukhululeka.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



5.9 Cha ayixazululekanga ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umsuka wenkinga kwaba ukuthi uMthofi ufuna imali yakhe kuSonto nagcina engayitholanga ngoba uSonto ehluleka ukuyikhokha. √√/
- Inkinga yabhebhetheka ngokuthi imali eyayithathwe nguSonto kuMfundisi ilahleke, nefa likaMbhele lingaphumi njengoba wayebeke umbandela kulo. √√/
- Yonke imizamo kaSonto yokuthola imali okubandakanya ukubulala uMfundisi noMbhele ayizange iphumelele. √√/
- USonto wagcina eseboshiwe emuva kokuba oMthofi noToronto belikhiphe lonke iqiniso kuNhleko mayelana namacala akhe. √√ (2)

5.10 UHulumeni kaZwelonke kumele:
OKUBILI kwalokhu:

- Enze isiqiniseko sokuthi izigebengu ezenze amacala okubulala aziwutholi ushwele njengoba kwenzeka kuMthofi. √/
- Andise amathuba emisebenzi ukuze abantu abafana noMthofi, uSonto noToronto babe nomsebenzi osemthethweni wokuziphilisa nemindeni yabo ukuze bangalingeki kalula ukwenza ubugebengu ngenxa yendlala. √/
- Aqinise isigwebo kulabo abenza ubugebengu obunjengalobu obenziwa uMthofi noSonto. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

5.11 Ucela imali yokuthenga intwana yokupholisa ikhanda kuNtshangase noMbhele.√√ (2)

5.12 OKUKODWA kwalokhu:

- Akabange esalithola ifa likaMbhele ayegaqele ukulithola ngoba uMbhele akambhalanga encwadini yefa. √/
- Ukuthi uMbhele aguqule incwadi yakhe yefa okwaholela ekuthini uSonto angabe esakwazi ukulithola. √ (1)

5.13 USonto ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Sethulelwa yena umdlalo uqala uze uyofika ekugcineni. √/
- Uyena ovezwa enenkinga yokuthi kumele akhokhele uMthofi imali yakhe ngokushesha. √/
- Udweshu oluningi luthinta yena kulo mdlalo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)


SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



5.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- USonto wabulala uMaNtuli, kwaphela iminyaka eminingi kungaziwa ukuthi ubulewe ngubani kepha ekugcineni lavela iqiniso. √√/
- USonto wadubula umfundisi, ethi ukufihlile lokho kepha lagcina livelile iqiniso waboshwa. √√/
- OMthofi babulala uMbhele, kwagcina kuvelile ukuthi babethunywe nguSonto.√√/
- USonto wagcina ebanjiwe ukuthi wayeqamba amanga uma ethi wayevakashele unina ngosuku okwadutshulwa ngalo uMfundisi. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Inkulumompendulwano yethula umdlalo ngendlela eqoqekile. √/
- Iveza ubunjalo bomlingiswa lapho ekhuluma nabanye abalingiswa.√/
- Inkulumompendulwano yethula konke okwenzeka emdlalweni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.16 Izimpendulo ziyokwehluka:

**Yebo wazifaka yena ngoba:**

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMbhele wayeganwe uMaNtuli kodwa wathandana noSonto eceleni, lo Sonto owagcina ebulala umkakhe. √/
- Akawatshelanga amaphoyisa iqiniso uma eselitholile ukuthi uSonto wayengayanga kubo ngobusuku okwadutshulwa ngabo uMfundisi. √/
- Wayesenolwazi lokuthi kunomuntu ofuna ukumbulala kodwa wangayenza imizamo yokuzivikela kunalokho wavikela ifa lakhe. √/
- Ngesikhathi ebona imoto imlandela washayela uSonto ucingo kunokuthi ashayele amaphoyisa. √

**NOMA**

Cha akazifakanga yena ngoba:

**Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:**

- Wayengazi ukuthi uSonto uyisigebengu ngenkathi eshada naye. √/
- Uthando lwalumvale amehlo wangabe esakwazi ukubona amaphutha ayenziwa uSonto. √/
- Ngesikhathi ema ebona imoto eyayimshayela amalambu wayezitshela ukuthi abantu abamaziyo ababefuna ukumtshela okuthize. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



5.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangiyokwethembeka kumkami ngingabi naye umuntu engihlekisana naye. √/
- Ngangiyovula umqondo ngimbhekisise uSonto ngoba zazikhona izinkomba zokuthi akathembekile, njengesizathu asinikeza uMbhele ngesikhathi embuza ngabafana abaphuma kwakhe bebaleka. √/
- Emva kokuqwashiswa nguDlamini ngoSonto, ngangingaseyikumazisa ngezindlela zami zosuku. √/
- Ngangingeke ngimthinte uSonto uma ngibona imoto engilandelayo, kunalokho ngangingathinta amaphoyisa. √/
- Ngangingaqasha unogada ozongigada ngazo zonke izikhathi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 NguSikhumbuzo. √ (1)

6.2 Wayecela ukubuyela ekhaya kubo ayoqala impilo entsha ngoba wayesemncane, nomuntu owamletha sewashona. √ (1)

6.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMaMbatha wathi njengoba akhishwa kubo kwabikwa emadlozini nje, akuselula ukuthi abuye abuyele kubo. √/
- Uyothi uyaqhamuka bathi abamfuni umuntu obuye emendweni. √/
- Wathi akasenayo indawo kubo. √/
- UMaMbatha wathi uzongenwa nguDumisani. √ (2)

6.4 Uthi ngamasiko enziwa ngesikhathi evaleliswa amxosha kubo. √√ (2)

6.5 D√/Ukuhamba ungaziwa. √` (1)

6.6 6.6.1 D√/Usaba ukubuyisela izinkomo emuva. √

6.6.2 A√/Wabhalela uThenjiwe incwadi. √

6.6.3 B√/Uyise wamxoshela ukukhuluma izindaba. √

6.6.4 E√/Ufuna ukukhuluma noThenjiwe. √

6.6.5 C√/Ufuna ukufunda ukuthunga. √ (5)

6.7 Wayehlose ukufuna owakhe umakoti ozohlala ekhaya kubo, amgane. √√ (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



6.8 OKUKODWA kwalokhu:

- Ukucacisa iminyakazo yabalingiswa.√ Isibonelo: Ahwaqe. √/
- Ukuchaza isimo nendlela athula ngayo inkulumo umlingiswa.√ Isibonelo: Akhale.√ (2)

6.9 Yaxazululeka ngoba uThenjiwe wagcina evumile ukungenwa nguDumisani, bashada, imindeni yabuyisana kwaba nokuthula phakathi kukaThenjiwe noMaMbatha.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.10 UHulumeni kaZwelonke kumele:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Afundise umphakathi mayelana nelungelo lomuntu ngamunye obandakanyeka ekusetshenzisweni kwesiko lokungena/lokungenwa okungaba owesilisa nowesifazane ukuthi bangavumelana noma baphikisane nalo ngokomthethosisekelo uma umndeni uthatha leso sinqumo. √/
- Aluleke umphakathi mayelana nokubaluleka kokuthi umndeni uqikelele ukuthi akekho ofakwa kuleli siko ngenkani, ebe engahambisani yena nalo, okungaba owesifazane noma owesilisa ukuze kungabi bikho ukuhlukumezeka. √/
- Aqwashise umphakathi mayelana nobungozi bezifo zocansi esezandile esikhathini samanje, ezingaba nomthelela omubi kulabo ababandakanyeka ekusetshenzisweni kwaleli siko. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA L

6.11 Uzwakala echazela kahle indodana yakhe uDumisani mayelana nokubaluleka kokuthi angene uThenjiwe ukuze angabuyeli kubo. √√ (2)

6.12 Abaphansi babezothukuthelela abakwaZungu bese kwenzeka into embi emndenini. √ (1)

6.13 UThenjiwe√ ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Sethulelwa yena umdlalo uqala uze uyofika ekugcineni. √/
- Uyena ovezwa enenkinga yokuthi kumele angenwe uDumisani ngoba ushonelwe umyeni wakhe uSikhumbuzo. √/
- Udweshu oluningi luthinta yena kulo mdlalo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



6.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UThenjiwe waboniswa abakwaZungu ukuthi angahambi, kepha wenqaba okwaholela ekutheni kugcine kuboshwe uSipho, wafela ejele. √√/
- UMaMbatha akabalalelanga oNondumiso noMaNzuza uma bethi kufanele ukuthi indaba kaThenjiwe ayiphathe ngesinono, okwaholela ekutheni uThenjiwe acishe abulale uDumisani ngoshevu. √√/
- UThenjiwe akamlalelanga umngani wakhe uGugu uma ethi kumele angalithathi ngamawala lolu daba lwakhe lokungenwa, ukungalaleli kwakhe kwenza ukuthi uSipho agcine esegwaze uDumisani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Inkulumompendulwano yethula umdlalo ngendlela eqoqekile. √/
- Iveza ubunjalo bomlingiswa lapho ekhuluma nabanye abalingiswa.√/
- Inkulumompendulwano yethula konke okwenzeka emdlalweni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.16 Izimpendulo ziyokwehluka:

**Abavumayo bayothi. Wazifaka yena ngoba uSipho:**

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwakungafanele angene indaba yomndeni wabantu bakwaZungu nabakwaMondise.√/
- Kwakumele abize abanye abantu ababezomlekelela ekulamuleni uThenjiwe noDumisani. √/
- Wasebenzisa ummese ukulamula impi phakathi kukaThenjiwe noDumisani okuyinto ayazi kahle ukuthi iyicala.√

**NOMA**

**Abaphikayo bayothi. Akazifakanga yena ngoba uSipho:**

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wazibona ephoqelekile ukuthi avikele uThenjiwe njengomuntu wesifazane futhi ongumngani wakhe. √/
- Weqiwa intukuthelo, wagcina esenza izinto ezingafanele.√/
- Kwamphoqa ukuthi asebenzise isikhali esasiseduze ukuzivikela ngoba naye wayengagcina elimele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



6.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangingalungisa ulimi, kuthi uma ngikhuluma ngingakhulumi amagama amabi komunye umuntu, ikakhulukazi kuThenjiwe umakoti wakwami, ngigweme ukumbiza ngomdlwembe. √/
- Ngangingaba nendlebe ngimlalele omunye umuntu uma ebeka uvo lwakhe ngihloniphe isifiso sikaThenjiwe. √/
- Ngangingakugwema ukuxosha uNondumiso uma ezokhulumela udadewabo. √/
- Ngangingalalela uManzini njengenhloko yekhaya njengoba ayezama ukungitshela ukuthi leli siko lidinga ukuhlolisiswa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

(3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

## UMBUZO 7

### 7.1 INJA NENGALO – NAP Khumalo

**ISIQESHANA M**

7.1.1 UBhekani. √ (1)

7.1.2 Wathi uyakhwehlela udinga ukukhipha inyongo, yilona ubisi olumsizayo ukukhipha inyongo.√√ (2)

7.1.3 Kwakwenziwa ukuthi kwakukhona inyama yenja.√√ (2)

7.1.4 Umbhali uphumelele ngoba:
Abalingiswa ababambe iqhaza endabeni bayisi-5 kuphela, njengokomgomo wendaba emfishane√ okungoJoana/uStofu, uGrace/uNtombise, uBhekani namaphoyisa oDube noZondo √ (2)

7.1.5 Uvezwe njengomlingiswa othanda imithi kakhulu√ ngoba:
OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- Wafakela uDludla umuthi wokumthambisa. √/
- Wafuna umuthi enyangeni wokuthi inyama yakhe ithengwe.√/
- Wayethanda kakhulu utshwala.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.1.6
- UDludla akasenaso isithunzi sakhe njengomnumzane wekhaya, uselalela uJoana.√/
- UDludla wayeka umsebenzi ngoba efuna ukuhlala abukane noJoana.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.1.7 Le ndaba yenzeka endaweni eyodwa ngoba yenzeka lapho uJoana ethengisela khona inyama kuphela, ayigcogcomi. √√ (2)

7.1.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kubaluleke kakhulu ukuba umuntu afunde, aqeqeshelwe umsebenzi othile ngoba ukuba uJoana wayenomsebenzi awufundele wayengeke azithole esebedayisa inyama emgwaqeni√, kanjalo noGrace wayengeke azithole eseziphilisa ngokucosha izinto ezilahliwe.√/
- Kubalulekile ukuze abantu babenolwazi olwanele lwezinto ezibalulekile empilweni ngokwenhlanzeko njengoba sizwa uJoana ukuthi wayebamba inyama ngesandla futhi inyama ayeyidayisa wayeyixube nenyama yenja. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)


SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



7.1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ukudla okudayiselwa abantu kumele kube ngokuhlanzekile, kungafakwa izinto ezinemithi engagulisa abantu njengekhanda lenja nengalo yengane.√/
- Umuntu odayisa inyama ayibambe ngemfologo angenzi njengoJoana. √/
- Ukudla kumele kumbozwe ukuze kungahlalwa yizinambuzane njengenyama kaJoana eyayibhuza izimpukane.√/
- UBhekani kumele abe nojeke abehlukene, kube khona owokukala nowokuphuza. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

**KANYE**

7.2 **INSIMBI EDLA EZINYE – MJ Mngadi**

**ISIQESHANA N**

7.2.1 Zonke zaseziganiwe. √/Ziganile√/ Zasezihlala emizini yazo. √ (1)

7.2.2 EBhiyafu. √
EMbilo.√ (2)

7.2.3 Okwakukhalisa u-Andile kakhulu ukuba angabe esahlaliswa nangane pho! √√ (2)

7.2.4 Kwabulawa umama wekhaya ngesihluku. √√ (2)

7.2.5 U-Andile ungumseshi ozimele√ kanti uCebo uyintatheli yephephandaba.√ (2)

7.2.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Indaba ikhuluma ngecala lokubulawa kukaMaSangweni. √/
- Kusukela indaba iqala esingenisweni kuze kuyofika esiphethweni kunophenyo oluqhubekayo lokubulawa kukaMaSangweni. √/
- UDukuza uyisigebengu esicashe ngomsebenzi wokuba ngumseshi womshwalense. √ (2)

7.2.7 Isiphetho sale ndaba sihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isiphetho sale ndaba siyingwijikhwebu ngoba besilindele ukuthi kuzoboshwa u-Andile kodwa kwaboshwa uDukuza.√/
- Le ndaba iphele nje emuva kancane kovuthondaba lapho sekuphuma wonke amaqiniso ngokufa kukaMaSangweni.√/
- Sifushane, asithemelezi. √/
- Sishiya imibuzo kumfundi ukuthi kazi baba njani ubudlelwane phakathi kukaSiphiwe nommeli nabaseshi.√ (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



7.2.8 Le ndaba ikhuluma ngophenyo lwecala lokubulawa ngesihluku kukaMaSangweni. √√ (2)

7.2.9 Imibono iyokwehluka.

**Abathi bayazwelana naye bayothi:**

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayesehlupheke kakhulu esezama indlela elula yokuphuma enkingeni yokungabi namali. √/
- Wayefuna umcebo osheshayo ngoba efuna ukuphila kangcono. √/
- Wayethi uzamela umndeni wakhe impilo engcono. √

**NOMA**

**Abathi abazwelani naye bayothi:**

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwakufanele akulindele ukuthi ekugcineni uzobanjwa ngoba akukho qili lazikhotha emhlane. √/
- Wancisha uMaSangweni ithuba lokuhlala kahle emzini wakhe ngokumbulala. √/
- Wayefuna impilo esheshayo eyagcina imgquma ejele, ngokufaka u-Andile enkingeni ngento angayazi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

**UMBUZO 8**

8.1 **'YOBE NSIZW'ENYE' – TB. Qwabe**

8.1.1 Bese uzishaye zaphelela.√/ Uzishaye zonke ngemibala yazo. √ (1)

8.1.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ithi imbongi le nsizwa ithathe esibayeni sayo esinezinkomo eziningi. √/
- Yalobola ngezinkomo ezinemibala eyehlukene.√/
- Zisale esibayeni ziziningi kuhle kothando lwale nsizwa enalo ngengoduso yayo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

8.1.3 Imbongi iqonde ukuthi le nsizwa yeshela le ntokazi yase intombi iyayivuma insizwa .√√ (2)

8.1.4 Okufanayo ukuthi le migqa yomibili:
OKUKODWA kwalokhu:
- Iqukethe incazelo yokuthi le nsizwa inezinkomo eziningi kakhulu.√√/
- Ivalekile. √√/
- Yakhiwe amagama amathathu. √√ (2)

8.1.5 Udwendwe.√ (1)

8.1.6 Isifaniso.√√ (2)

8.1.7 OKUKODWA kwalokhu:
- Ukufa √ ngoba yikhona okungehlulwa okunqoba wonke umuntu ophilayo. √/
- Yimbangi yale nsizwa√ ngoba ivimbezela ingoduso yayo ngamazwi, yase ishintsha umqondo imala engakayishadi.√ (2)

8.1.8 OKUKODWA kwalokhu:
- Imbongi iqonde ukuthi insizwa yayisalibele ukuzibambezela isalubukela kude usuku lodwendwe, ingoduso yashona bengakashadi.√√/
- Ukuthatha kude kwensizwa ukushada ingoduso, kwavulela ithuba imbangi yayiguqula umqondo, yase iyamshiya. √√ (2)



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



8.1.9 Ngiyazwelana nayo ngoba:

- Le nsizwa yabe isitshengise uthando enalo ngale ngoduso yayo yaze yalobola yazishaya zonke izinkomo zelobolo. √/
- Le nsizwa yayisizimisele ukwakha umuzi nengoduso yayo.√/
- Ukufa isimo umuntu ophilayo angeke akwazi ukusivimba. √

**NOMA**

Angizwelani nayo ngoba:

- Le nsizwa yayilokhu ithembisa ngomlomo kodwa ingenzi.√/
- Yiyona le nsizwa eyathatha kude ukukhipha udwendwe.√/
- IsiZulu sithi oseyishayile akakayosi, noseyosile akakayidli, oseyidlile udle icala. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

**KANYE**

8.2 **'KUDLA FUMUKA KUDLE SILAZA' – FF Mbatha**

8.2.1 Ukufa.√ (1)

8.2.2 Nithi asesule izinyembezi ezigeleza<u>**yo**</u>,
Sikushaye indiva ukubalisa kwenhlizi<u>**yo**</u>, √
Imvumelwano sigcino. √

**NOMA**

<u>**Si**</u>kushaye indiva ukubalisa kwenhliziyo,
<u>**S**</u>ikholwe singakholwa iqiniso-√
Imvumelwano siqalo. √

**NOMA**

<u>**Si**</u>nizwa kahle zikhulumi,
Nithi asesule izinyembezi ezigelezayo,
<u>**S**</u>ikholwe singakholwa iqiniso-√
Imvumelwano siqalo eyeqanayo. √

Amamaki azokwabiwa ngale ndlela elandelayo:

Imaki lokuqala elokukhipha imisho yomibili nokuyidwebela.
Imaki lesibili elokusho uhlobo lwemvumelwano oluhambisana nesibonelo. (2)

8.2.3 Ubu<u>**hl**</u>ungu bubebu<u>**hl**</u>ungu kabu<u>**hl**</u>ungu? √√/
Ubuhlu<u>**ng**</u>u bubebuhlu<u>**ng**</u>u kabuhlu<u>**ng**</u>u? √√/
U<u>**b**</u>uhlungu <u>**b**</u>u<u>**b**</u>e<u>**b**</u>uhlungu ka<u>**b**</u>uhlungu? √√ (2)

8.2.4 Bekufanele yini.√√/Siyanizwa kahle zikhulumi.√√/Siyanizwa zikhulumi. √√/ Siyanizwa baduduzi. √√ (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



8.2.5 I-eleji √ ngoba imbongi ikhathazekile ngokushiywa umfowabo omncane.√ (2)

8.2.6 Imbongi iqonde ukuthi ukufa kuyashintshana ngabantu nemindeni, ngakho uma kufika komunye namuhla kuyadlula ngelinye ilanga kuye komunye. √√ (2)

8.2.7 C√/ Useshonile.√ (1)

8.2.8 Ukufa akukhethi kuthatha omncane kuthathe nomdala akuyi ngeminyaka.√√ (2)

8.2.9 Ngiyavumelana ngoba ukufa kumthathe kabuhlungu esenezifiso azilangazelele empilweni.√√

**NOMA**

Angivumelani ngoba ugule isikhathi eside kwacaca ukuthi akasindi. √√ (2)

8.2.10 Umoya wokukhathazeka√ ngoba imbongi ikhathazwa ukuthi isilahlekelwe umfowabo osemncane ngemuva kokugula isikhathi eside. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha